



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION  
NOVEMBER 2016

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I**  
**ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I**

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi ayi-15. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
  2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
  3. Phendula zonke IZIQEPHU.
  4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
  5. Qiniseka ukuthi **awuyixovi** imibuzo.
  6. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
-

**ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

**Funda le ngxoxo bese uphendula imibuzo elandelayo.**

*(UVusi Khumalo ukhathazekile. Izifundo zakhe azihambi kahle. Usezobhala ukuhlolwa kokuphela konyaka kodwa uyazizwa ukuthi akakafundi kahle. Nobaba wakhe umfaka ingcindezi enkulu ekhaya. Umama wakhe wahamba emhlabeni uVusi esakhasa. Okubuhlungu ukuthi uVusi ufunda ngokuzimisela kodwa imiphumela yakhe ayihambisani nokufunda kwakhe. Le nto imphatha kabi kakhulu uma ebona abanye abafundi abangasebenzi kanzima njengaye, kodwa bethola imiphumela emihle).*



UVusi: *(Ukhuluma yedwa)* Alikho iqiniso emhlabeni. Kade ngiqalile ukufunda kodwa angikhumbuli lutho kuyo yonke le nto ebengiyifunda. Uyazi kungcono ukuthi **ngiphonse ithawula** manje. Kungani mina ngingafani nabanye abafundi? Awubheke nje uSipho, yena akafundi njengami kodwa uhlale ephumelela **ngamalengiso** kuzo zonke izifundo zakhe. Angiyiqondi mina le nto.

*(Esahleli ecabanga uVusi, kwafika umngane wakhe uSipho. USipho uyabona ukuthi kukhona into ephethe kabi uVusi).*



USipho: **Ubukeka ungajabulile namhlanje mhlobo wami.** Kwenzenjani? Usacabanga ngale ntombazane yakwaCele eyayingu-*partner* wakho ngematric dance?

UVusi: Sipho, uyazi ukuthi anginaso isikhathi samantombazane, ikakhulukazi ngalesi sikhathi esinzima kangaka. Into engikhathazayo izifundo zami. Nginovalo. Imiphumela yami yokuhlolwa edlule ibe mibi kakhulu. Lokhu akumjabulisanga ubaba wami.

USipho:	<i>Come on Vusi man! Uyazi nawe ukuthi wabhala lokuya kuhlolwa okudlule usaphazanyiswe wuthando lwale ntombazane yakwaCele, uSindy. Namhlanje sibhekene nokuhlolwa kokugcina. Sizobambisana ukuze siphumelele. Sizofunda ndawonye size siqede ukubhala. Ungesabi mngane wami, <b>izandla ziyagezana</b>. Kudala siwa sivuka mina nawe. Sekuseduze phambili. Isikhathi sethu sokuhleka sesiseduze (<i>Wawasho lawa mazwi uSipho kuzwakala nje ukuthi uzimisele ngale nto ayishoyo</i>).</i>
UVusi:	Ngiyakuzwa Sipho. Mhlawumbe kuzoba ngcono uma sifunda nawe. Uyazi ubaba wami wenze into ebengingayilindele izolo ekhaya.
USipho:	Wenzeni ubaba wakho Vusi?
UVusi:	Ngeke ukholwe Sipho. Ngesikhathi sifika ekhaya ungitshale ukuthi masiye e- <i>study</i> sakhe. Wangikhombisa izitifiketi zakhe zika <i>matric</i> , nezase- <i>university</i> . Zonke izifundo wayeziphasa ngamalengiso. Ungibuze ukuthi mina ngihlulwa yini ukuphasa njengaye.
USipho:	Uphendule wathini wena Vusi?
UVusi:	<i>Really</i> Sipho angazanga ukuthi kufanele ngithini. Ngithulile nje ngambuka. Kwashisa izinyembezi emehlweni. Kungakho nje ungibona ngikulesi simo Sipho. Ngiyabona ukuthi ayikho into engingayenza ukujabulisa ubaba. Noma ngingafunda kanjani mina ngeke ngikwazi ukuthola lama <i>distinctions</i> .
USipho:	Okubalulekile Vusi mngane wami ukuthi wazi ukuthi yikusasa lakho leli olakhayo; hhayi elikababa wakho. Sebenza ngendlela wena eyokwanelisa ukuthi wasebenza ngamandla akho onke. Thina masifunde kanzima manje, singavumeli izinto ezizokwenza singaphumeleli. Wakwazi ukuhlukana noSindi owayethatha isikhathi sakho sokufunda. Musa-ke ukuvumela amazwi kababa wakho akuphazamise. Mina mngane ngiyakwethemba. Ngiyazi ukuthi uyakwazi ukusebenza kanzima. Ngiyazi ukuthi uzophumelela. Nobaba wakho uyogcina eziqhenya ngawe. Masihambe manje siyofunda.
UVusi:	Ngiyabonga mngane wami ngamazwi akho <b>angimisa idolo</b> . Kulungile masihambe ( <i>Basukuma uSipho noVusi baya endlini yokufundela, baqala ukufunda</i> ).

1.1 Khetha igama elilungile.

1.1.1 UVusi (ujabulile, uphatheke kabi, ukhathele) lapha. (1)

1.1.2 UVusi noSipho bafunda (umatikuletsheni, ibanga 11, ibanga 10). (1)

1.2 Phendula ngokuthi YIQINISO noma NGAMANGA.

1.2.1 UVusi unabazali bobabili. (1)

1.2.2 USipho uphumelela kahle esikoleni. (1)

1.3 NgokukaSipho, kungani uVusi engaphumelelanga ekuhlolweni okudlule? (1)

- 1.4 Bhala **umqondofana** walawa magama alandelayo. Izimpendulo zisengxoxweni.
- 1.4.1 umngane (1)
- 1.4.2 uzophasa (1)
- 1.5 Bhala **umqondophika** walawa magama alandelayo. Izimpendulo zisengxoxweni.
- 1.5.1 kabi (1)
- 1.5.2 ukuhlangana (1)
- 1.6 Bhala **isihloko** ongasinika le ndaba. Kungani uyinike lesi sihloko? (1)
- 1.7 Wena ungathanda ukuba nobaba ofana nobaba kaVusi? Sekela impendulo yakho kahle. (1)
- 1.8 Wena **uyavuma** noma **uyaphika** ukuthi uSipho ungumngane weqiniso kaVusi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (2)
- 1.9 Chaza le nkulumo.
- 1.9.1 **ukuphonsa ithawula** (1)
- 1.9.2 **izandla ziyagezana** (1)
- 1.9.3 **ukumisa idolo** (1)
- 1.10 UVusi uphelelwe ukuzethemba. Wena ungamsiza kanjani? Bhala okubili. (Ungabhali loku okushiwo nguSipho.) (2)
- [18]**

**UMBUZO 2**

**Funda le ngxoxo bese uphendula imibuzo.**



[Kuyasa: TN Mngoma]

- 2.1 Uphi umama walapha ekhaya? (1)
- 2.2 Bhala **inkinga** ubaba ayitshela abantwana? (1)
- 2.3 Bhala amazwi akhombisa ukuthi abantwana abahambisani nenkulumo kababa. (1)
- 2.4 Lo baba akabahloniphi abantu besifazane. **Uyavuma** noma **uyaphika**? Sekela impendulo yakho kahle. (2)
- 2.5 **Ngombono** wakho lo baba kufanele ayixazulule kanjani inkinga yakhe? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

[7]

**UMBUZO 3**

**Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.**



Nx! Ukuba ngangazi  
ngangingeke ngivume  
ukwenza le nto.  
Ngiphakathi manje.  
Iminyaka eyishumi Nkosi  
yami!

[Inthanethi: <[www.google.com](http://www.google.com)>]

- 3.1 Lo muntu uthi "**ngiphakathi**". Yikuphi lapha/kukuphi lapha? (1)
- 3.2 Lo muntu ukhombisa **ukuzisola**. Sekela lo mbono. (2)
- 3.3 Bhala izinto ezimbili ezingenza ukuthi umuntu avalelwe kule ndawo. (2)
- [5]**

**Amamaki angama-30**

**ISIQEPHU B****UMBUZO 4**

**Fingqa le ndatshana elandelayo ngamaphuzu AMAHLANU. Bhala amagama ayi-60 kuya kwangama-70.**

**UMARTIN LUTHER KING**

UMartin Luther King wazalwa ngomhla ka-5 kuMasingana, ngo 1929 eMelika. UMartin Luther wafunda wathola iziqu ze B.A. ekolishi eMorehouse College ngo 1948. Leli kwakuyikolishi labantu abamnyama. Ubaba nomkhulu kaMartin, nabo babethole iziqu zabo kulo leli kolishi.

Emva kwaloku uMartin Luther wafundela ukuba ngumfundisi eCrozer Theological Seminar ePennsylvania. Wathola iziqu zobudokotela eNyuvesi yaseBoston ngo 1955. Yilapho ahlngana nonkosikazi wakhe uCorretta Scott.

UMartin Luther wayenodadewabo omdala, uWillie Christine, nomfowabo omncane uAlfred Daniel Williams King. Bakhuliswa kahle ngubaba wabo owayenomthetho, nomama wabo owayenothando olukhulu lwabantwana bakhe.

UMartin nonkosikazi wakhe bazala izingane ezine, amadodana amabili namadodakazi amabili. Ngo 1954 uMartin Luther waba ngumfundisi. Wayengumfundisi futhi engusopolitiki olwela amalungelo abantu abamnyama eMelika. UMartin Luther wahlela iziteleka eziningi eMelika lapho babekhalela amalungelo abo njengabantu abamnyama. Wayengafuni abantu abamnyama babandlululwe, hhayi ngoba wayemnyama kodwa ngoba wayekholwa ukuthi lokhu akuhambisani noNkulunkulu. Wagcina eboshiwe nekhaya lakhe lashaywa ngamabhomu.

UMartin Luther wayekhohlelwa ekushintsheni uhulumeni ngokuthula. Wayehlela iziteleka ezinokuthula. UMartin Luther wafunda kakhulu ku Mahatma Gandhi. Wayehamba yonke iMelika ekhuluma nabantu. Ngesikhathi eneminyaka engama-30 uMartin Luther wathola iNobel Peace Prize. Akayithathanga le ndondo, kodwa wathatha imali wayisebenzisela ukuqinisa umzabalazo (*struggle*) wamalungelo abantu.

Ziningi kakhulu izinkulumo ezabhalwa nguMartin Luther, kodwa eyaziwa kakhulu yileyo ethi, "***I have a dream***". Leli qhawe lashona ngomhlaka 4 kuMbasa ngo 1968, lineminyaka engu 39.

Indlela lo mholi ayehola ngayo ifaniswa nekaMahatma Gandhi noNelson Mandela. Bonke laba baholi babekhohlelwa ezitelekeni ezinokuthula. Umhlaba wonke usakhumbula laba baholi ngoba baba yisibonelo emhlabeni wonke.

**Okuzobhekwa**

- **Sebenzisa amagama akho**
- **Sebenzisa imisho egcwele**
- **Sebenzisa ulimi oluhle**
- **Bhala ngamaphuzu**
- **Bhala inani lamagama owabhalile**

Inggikithi

(5)

Ulimi

(3)

Ukuhleleka kahle ngamaphuzu

(1)

Inani lamagama

(1)

<b>Amamaki angama-10</b>
--------------------------

**ISIQEPHU C            IZINKONDLO****Funda lezi zinkondlo ezilandelayo bese uphendula imibuzo.****IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI****UMBUZO 5****5.1    Inkondlo A****UMFUNDI**

- 1        Ungqoqwane womisa ingqakala,  
 2        Isiphuku sifudumele okwembawula,  
 3        Uhlaka lwami lungibambel' eduze,  
 4        **Iningi lisahudula izikhumba.**  
 5        Akukho okunye, ngimelwe ukuvuka,  
 6        Angithi ngingumfundi!
- 7        Sekwaphenduka umchilo wesidwaba, sekuyimi.  
 8        Bekhona bengekho abangani nontanga,  
 9        Abanye baphuka endleleni,  
 10      Abanye baphelelwa ivuso nesineke,  
 11      Umqansa isibili lolu hambo,  
 12      Kepha ngisashaya kancane.  
 13      Abafundisi bangitshela ngisakhasa:  
 14      "Imfundo izala impumelelo, isinkwa sangomuso."  
 15      Nempela ukungazi yichilo, injongo yomuntu ulwazi.  
 16      UMdali walidala iqhinga, akwandeke bani,  
 17      Angilisebenzise ngobuqotho,  
 18      Ngifunde ngifundiseke.
- 19      Ngemfundo ngivikelwe  
 20      Eziphithiphithini nenkohlakalo,  
 21      Emidlwembeni "nezinkinga zobusha".  
 22      Angimsulwa, ngiyavuma  
 23      Kepha izifundo zingidlisa ngentambo,  
 24      Ubuntofontofo boX5 noBM ngibuzwa ngontanga,  
 25      Ngiwumfundi ngiyafunda.  
 26      Ubumina nezingqinamba nemithwalo,  
 27      Ikhaya nabazali nezabo,  
 28      Konke ngikubeke engxenye,  
 29      Imfundo iyongipha ifa langunaphakade  
 30      Umlando nosizi ngikubeke ethala,  
 31      Ngingumfundi, nginekusasa.  
 32      Akuzuba namuhla, noma ngomhlomunye,  
 33      Akuyukwehla emkhathini, akusiyo imana,
- .....  
 .....

5.1.1    Khetha impendulo elungile.

Le nkondlo ikhuluma ngomfundi (ohlukumeza abanye, osebenza kakhulu, ovilaphayo).

(1)

5.1.2    Yini ekhombisa ukuthi **kusebusika** kule nkondlo?

(1)



5.1.3 Estanzeni 1, **bhala** imigqa enalezi zifengqo:

(a) isifaniso (1)

(b) isenzasamuntu (1)

5.1.4 Kusho ukuthini:

**Ukuhudula izikhumba?** (1)

5.1.5 Ngokwale nkondlo, bhala **ubunzima** bokuba ngumfundi. (1)

5.1.6 Bhala **ubuhle** bemfundo ngokwenkondlo. (1)

[7]

## 5.2 Inkondlo B

KONJE ...?	
1	Konje bengikutshelile yini ukuthi ngiyakuthanda?
2	Uma bengingakakutsheli,
3	Wothi ngikutshele manje
4	Ngiyakuthanda ngane yami.
5	Konje ngishilo ukuthi uyigugu kimina?
6	Wothi ngikubonge mngane wami
7	<b>Unjengodondolo empilweni yami.</b>
8	Konje ngikuvulele yini isifuba sami?
9	Uyisigqi senhliziyo yami,
10	Okwakho kungokwami, ngingowakho.
11	Konje ngishilo yini ukuthi unguZintozonke?
12	Uyinkulisa, <b>uyihlobo</b> , uyimpilo kimina.
13	Uyinzalabantu, ungumama wami.
14	Konje ngingakubonga ngithini?
15	UnguMdali, uyisiqalo nesiphetho.
16	Ngingumfanekiso <b>waKho</b> .
17	Wanikela ngendodana <b>yaKho</b> ,
18	Zasuswa izono zami
19	Ngiyabonga ngothando olungaka!

5.2.1 Bhala **abantu** abane ababongwa yimbongi estanzeni 1 kuya ku 4. (2)

5.2.2 Kungani imbongi ibhala u "k" ngofeleba (*capital letters*) emigqeni 16 no 17? (1)

5.2.3 Chaza lo mugqa: **Unjengodondolo empilweni yami.** (1)

5.2.4 Bhala **umyalezo** otholakala kule nkondlo. (1)

5.2.5 Igama "uyihlobo" (emgqeni 12) **liwuphawu** lwani? Chaza kahle ubhekise enkondlweni. (2)

[7]

5.3 **Inkondlo C**

1	Kungani indoda ingayi esibhakeleni
2	Ngabhakelwa ngingenakuzivikela
3	Hhe, yimi lo osemabobosi
4	Hhe, yimi lo osenamahloni ngezwe
5	Kazi kwakhala nyonini?
6	Ngaphenduka umdatshukelwa
7	Ngabangela abanye usizi
8	Ngabuzwa ukuthi ngihlaleleni
9	<b>Ibhodwe laqhubeka lingishisa</b>
10	Unembeza ushonephi?
11	Kazi sifundo sini lesi,
12	Engifundiswa sona zinsuku zonke?
13	Kanti ndlelani engiyikhonjiswa nsuku zonke?
14	Kanti seluleko sini lesi engisinikwa ngendluzula?
15	Yini lo mshophi ongehlelayo?
16	Kwafika wena kwacasha izinyo?
17	Uma kuhlekwa, kuhlekwa wena.
18	Uma kuthulwe uyedelelwa.
19	<b>Seziyime emthumeni</b>
20	Angisakwazi okulungile nokungalungile.
21	Yini ekujabulisayo ekuhlukumezeni?
22	<b>Mqamelo ngiyakuzwela</b>
23	Uswaphenduka inkongozelo
24	<b>Yamanzi anosawoti.</b>
25	Ingab' ukuba uyakhuluma
26	Ubuyokhininda ziphi?
27	Impela okwami okwezandla!

- 5.3.1 Bhala **isihloko** sale nkondlo. (1)
- 5.3.2 Yini amanzi anosawoti? (1)
- 5.3.3 **Khetha** igama elilungile bese **usekela** impendulo yakho. (2)
- Le nkondlo inomoya (wokujabula, wosizi, wokugququzela).
- 5.3.4 Khipha imigqa enkondlweni esho loku okulandelayo:
- (a) Ukujabula kuyaphela uma kufika wena. (1)
- (b) Angisazi okufanele ngikwenze. (1)
- [6]**

**INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI****5.4 Inkondlo D****NGIYAFISA UKUBA QOTHO**

- 1      Ngiyafisa ukuba qotho  
          Ngishumayeke ngobuqotho  
          Ngibe qotho ezindleleni zami  
          **Ulimi** lwami lube qotho,  
          Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.
- 2      Ngiyafisa ukuba qotho  
          Kubazali bami  
          Ngihloniphe omdala nomncane  
          Ukuze ngitshal'imbewu  
          Yobuqotho esizweni sakithi.
- 3      Ngiyafisa ukuba qotho  
          Eziphiweni zami enginazo  
          Ukuze ngisebenzise zonke,  
          Zonke ngokukhulu ukwethembeka  
          Ukuze ngijabulise abantu.
- 4      Ngiyafisa ukuba qotho  
          NakuSomandla uqobo!  
          Ngiziveze ngimsulwa kuye  
          Ngikhale kuye angizwe nami  
          Yen'owazi ngezifiso zami.

[Amahloko hloko: ngu EJ Mhlanga no JJ Thwala, p. 71]

- 5.4.1 **Phawula** ngemigqa nezitanza kule nkondlo. (1)
- 5.4.2 Khipha amagama **aphikisanayo** estanzeni 2. (1)
- 5.4.3 Tomula umugqa **oyimpindwa** kule nkondlo. (1)
- 5.4.4 Imbongi ifuna ukuba qotho kubani? (1)
- 5.4.5 **Khetha** impendulo elungile:  
          Ngokwenkondlo, igama 'ulimi' lichaza
- (a) isitho somzimba
- (b) amazwi akhulunywayo
- (c) umlimi (1)
- 5.4.6 Veza ukuxhumana estanzeni 3, bese uyasho ukuthi luhlobo luni. (1)
- 5.4.7 Khombisa izinhlobo ezimbili **zemvumelwano** estanzeni 4, bese uyasho ukuthi luhlobo luni. (2)
- 5.4.8 Kungani **isigqi** sale nkondlo **sishesha** estanzeni 2? Bhala izizathu ezimbili. (2)

[10]

**ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 6****Buka le khathuni bese wenza umsebenzi olandelayo.**

6.1 **Lungisa** amaphutha emagameni abhalwe ngokugqamile.

Umzali 6.1.1 **walomfana** uyamangala uma ebona indodana 6.1.2 **lakhe**, uSipho, ithandaza ngoba sekuzophuma imiphumela. USipho uthanda 6.1.3 **ukuenza** izinto ezimbi sonke isikhathi 6.1.4 **isikole** sakhe.

(4)

6.2 **Khetha** igama elilungile bese ugcalisa izikhala. Bhala igama kuphela.

*Abafundi, uzojabula, amabhuku, ukuhlolwa, ekuqaleni, isikole*

Kubalulekile ukuthi umfundi asebenze kanzima 6.2.1 ... konyaka kuze kube sekugcineni. Bangingi 6.2.2 ... abafunda kakhulu uma sekuzobhalwa 6.2.3 ... kukaNovemba. Loku akusizi lutho. Kulukhuni ukukhumbula into oyifunda ngesikhathi esincane. Bafundi! Kuhle ukusebenza ngokuzimisela ngoba 6.2.4 ... ekugcineni, ungafani nalo mfundi osethembele emthandazweni.

(4)

6.3 **Phikisa** amagama abhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo. (Ungabhali umqondophika.)

6.3.1 Lo mfana **ubeganga** unyaka wonke esikoleni.

(1)

6.3.2 USipho **uyivila** emsebenzini wesikole.

(1)

6.3.3 Le ndoda **imfishane** kakhulu.

(1)

**[11]**

**UMBUZO 7****Buka izithombe bese wenza umsebenzi olandelayo.**

[Zithathwe kwi-Inthanethi: &lt;www.google.co.za&gt;]

Utshwala sebuphenduke imfashini kubantu abasha. **Iningi** lezingane eziphuza le nto aliphumeleli ezifundweni. Uphuzo oludakayo luyayilimaza **ingqondo** yomuntu omusha. Ngempela yisiphi isizathu sokuphuza utshwala?

7.1 Bhala **isabizwana soqobo** kulawa magama alandelayo:

7.1.1 iningi (1)

7.1.2 ingqondo (1)

7.2 **Nciphisa** lawa magama alandelayo.

7.2.1 izingane (1)

7.2.2 uphuzo (1)

7.3 Khetha **izihlanganiso** ezilungile ukuhlanganisa le misho elandelayo. Bhala umusho ophelele futhi ungasiphindi isihlanganiso.

*ngoba, ukuze, ukuba*

7.3.1 Abafundi abaningi abaphumeleli. Abafundi abaningi bachitha isikhathi ngotshwala. (1)

7.3.2 Mina ngizoyeka ukuphuza. Ngizophumelela kahle. (1)

7.4 **Qala** lo musho ngegama "isikole" bese ulungisa/ushintsha lapho kufanele khona.

**Izikole** zethu zinabafundi abaphuza utshwala. Othisha kulezi zikole abayithandi le nto.

Isikole ... (2)

**[8]**

## UMBUZO 8

**Buka lesi sithombe bese wenza umsebenzi olandelayo.**



[Sithathwe kwi-Inthanethi; <[www.google.co.za](http://www.google.co.za)>]

8.1 Yakha **imibuzo** kule misho elandelayo. Amagama agqamile abe yimpendulo yombuzo.

*Isibonelo: USipho uzohamba **noVusi**.  
USipho uzohamba **nobani**?*

8.1.1 UPaul uzovuka **ngo 9**. (1)

8.1.2 UPaul ulele **kahle**. (1)

8.2 Qala lo musho olandelayo njengoba ukhonjisiwe.

**UPaul uyakwazi ukuzivukela.**

8.2.1 Kusasa ... (1)

8.2.2 Izolo ... (1)

- 8.3 Lungisa amagama akubakaki ngokufaka **impambosi** efanele.
- 8.3.1 Ubaba (uvuka) indodana yakhe uPaul. (1)
- 8.3.2 Ubaba (ufunda) uPaul ukuba yindoda. (1)
- 8.3.3 UPaul (ukhumbula) ngubaba ukuthi yisikhathi sesikole manje. (1)
- [7]

## UMBUZO 9

- 9.1 Bhala imisho emibili ngegama **ithanga**, ukubonisa izincazelo ezahlukene. (2)
- 9.2 Bhala imisho ngalawa magama alandelayo ukukhombisa ukuthi awafani:
- 9.2.1 bhala (1)
- 9.2.2 bala (1)
- [4]

**Amamaki angama-30**

**Amamaki esewonke: 100**